**UMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL**

**INKULUMO YESABELOMALI**

**IsiShayamthetho saKwaZulu-Natal**

**Yethulwa**

**Ngu:Mnuz BH Cele**

**UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal**

# ISINGENISO

***"Kuthina lokhu akuwona umsebenzi nje kodwa umbhidlango"***

***(Gerry Harmmel).***

**Ngokufanayo kwezokuThutha asinabo nje abasebenzi kodwa sinezishoshovu. Ngivumele-ke ngethule umbhidlango wami.**

Njengoba ngikhuluma kule Ndlu namhlanje eshumini lesibili leminyaka yentando yeningi futhi kungunyaka wesibili nginguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ngibheke ikusasa ngendlela enethemba ngesifundazwe sethu. Nginokwethemba ukuthi ngesinyathelo nesinyathelo esisithathayo azolungiseka amaphutha akudala. Isivumelwano sikahulumeni nabantu bakuleli zwe sesiqalile ukuthela izithelo, kanti kungumsebenzi wami ukuqiniseki ukuthi isivuno salezi zithelo esiningi siya kwababuthaka esifundazweni sakithi. Ngempela sesiyangena esikhathini sokuqhakaza okhokho bethu ababenephupho ngaso.

Nokho, Somlomo kumele ngikugcizelele ukuthi ngabe abukho ubulungiswa kimina uma ngima ngikhuluma ngethemba lekusasa eliqhakazile bebe abantu abaningi kulesi fundazwe besaphila ngaphansi kobuphofu, bezizwa bebandlululekile kunathi sonke. Lokhu kusala ngaphandle kwabantu bakithi kubenza babe izakhamuzi ezisesigabeni esiphansi ezweni labo. USomqulu

weNkululeko esakhele phezu kwawo uMthethosisekelo wethu ukubalula ngokungananazi ukuthi:

> *Iningizimu Afrika ngeyawo wonke umuntu ohlala kuyona, abamnyama nabamhlophe, futhi uhulumeni angasebenzisa amandla akhe uma nje lokho kuyintando yabantu;*
>
> *Ukuthi abantu bakithi baphucwe ilungelo lokuzalwa, inkululeko, nokuthula ngendlela kahulumeni owakhiwe ngokungabi nabulungiswa nokungalingani;*
>
> *Ukuthi izwe elinentando yeningi kuphela, esekeleke entandweni yabantu, engaqinisekisa ukuthi wonke amalungelo okuzalwa ngaphandle kokubheka ibala, ubuhlanga, ubulili noma inkolo;*
>
> *Manje ngalokho-ke, thina, abantu baseNingizimu Afrika, abamnyama nabamhlophe siyalingana, singabafowethu siyawemukela lo Smqulu weNkululeko;*
>
> *Siyazibophezela ukuthi sizobambisana, kuze kube izinguquko ezihleliwe ziyenzeka ziphumelele.*

Isithombe esikhona njengamanje sikhombisa okuphambene nalo mqondo; sikhomba ukuthi iNingizimu Afrika ingeyabacebile, okuyibona abafinyelela kalula emnothweni, ngakolunye uhlangothi abampofu bavaleleke ekuhluphekeni, baswele intuthuko babuye baxhashazwe. Ngemuva kokuvakashela izindawo ezahlukene kulesi fundazwe emakhaya nasemadolobheni, ngingasho phambi kwaleNdlu ukuthi kusenenselelo enkulu, inselelo enkulu phambi kwethu. Phakathi kule nselelo kukhona isidingo sokuhlelwa kwemigomo ezolandelwa, imithetho izoshaywa nemibono ngokulandela uMthethosisekel neFreedom Charter. Ukwenziwa kwalezi zinto kuba inkinga Somlomo uma isabelomali somnyango singenele kahle ukufeza izidingo zomphakathi waKwaZulu-Natal ngesikhathi esifanele.

UMnyango awunazo izimali ezanele uma sibheka imigwaqo nezidingo zokuthutha zomphakathi waKwaZulu-Natal. Lokhu kusiholela ekutheni siqinise izinhlelo ezizofukula umnotho. Ukwehlukana izigaba ezimbili okukhona kwezomnotho kuyiqiniso hhayi nje KwaZulu-Natal kuphela kodwa eNingizimu Afrika yonke. NjengoNgqongqoshe wezokuThutha ngihlale ngikhumbula le nselelo njengoba ngibona indlela imiphakathi engakwazi

ngayo ukunyakaza ngenxa yokuswela ingqalasizinda enye yazo okuyimigwaqo engenela emakhaya namabhuloho. Izithombe kakhulukazi zezingane nabesimame ababeka izimpilo zabo engcupheni nsuku zonke bewela imifula beya ezikoleni nezinye izindawo abaphikelele kuzona zihlale zisithinta njalo. Umlando uyosahlulela uma sivumela lokhu kuqhubeke.

**Ukuvikela ababuthaka**

Somlomo, ngizizwa ngihloniphekile ngokuba ngethweswe umthwalo wokuqinisekisa ukuthi kwisabelomali esinikwe ezokuThutha, ngigqugquzele umqondo wokuvikela ababuthaka. Obani ababuthaka kulo Mnyango wezokuThutha? Ingane noma uthisha ongeke aye esikoleni namhlanje ngoba umfula ugcwele kanti alikho ibhuloho lezinyawo. Obuthaka ileyo ngane, umama okhulelwe, indoda noma umama ofayo ngoba engakwazi ukufinyelela emtholampilo noma esibhedlela ngoba ayikho imigwaqo eholela kulezi zindawo.

Obuthaka ilowo mama noma ubaba ongeke alime umhlaba wakhe ngoba awukho umgwaqo oholela khona.

Obuthaka ileyo ngane, umama noma ubaba ongakwazi ukufunda nokubhala, ngalokho akakwazi ukuthola usizo lukahulumeni ngoba usizo lukude nemiphakathi.

Obuthaka ileyo ngane, umama noma ubaba ofayo odlameni lwamatekisi ngenxa yemibango yosomatekisi.

Ileyo ngane, umama noma ubaba ofayo emgwaqeni ngoba umshayeli ubedakiwe, egijima, wangalandela imithetho yomgwaqo.

Obuthaka ileyo nganne, umama noma ubaba ofayo emgwaqeni ngoba umshayeli engenazo izincwadi noma imvume yokuthwala umphakathi.

Obuthaka ileyo ngane, umama noma indoda efayo emgwaqeni ngoba imoto ibingekho esimweni sokuhamba emgwaqeni.

Obuthaka ilowo mama ongeke athole isikhundla esiphezulu ngoba ebandlululwa ecwaswa ngokobulili.

Obuthaka ilowo mama noma ubaba ongeke athole ithenda nemisebenzi ngoba inkampani yakhe ayinamlando engazichaza ngawo njengoba esafika kule ndima.

Obuthaka umuntu omdala okumele ahambe ngezinyawo, athwalwe ngebhara nenqola ukuze afinyelele esikhungweni sokuhola impesheni.

Ababuthaka imiphakathi yasemakhaya engenako ukuxhumana ngezinto ezibathintayo ngoba umigwaqo ungekho.

Ngeke ngiqede ukubala Somlomo, elibalulekile ngukuthi eminyangweni yethu kubalulekile ukuthi sakhe ngokushesha izinhlelo zokulungisa lezi zinselelo ezibalwe ngenhla.

EMnyangweni wezokuThutha, kuyafakazeleka ukuthi umgwaqo, izinto zokuhamba, ukuphepha, ukungambi eqolo nempumelelo izinto okumele zifeziwe kumuntu nomuntu, umphakathi nomphakathi walesi fundazwe uma sizimisele ngokwenza izimpilo zabantu ziphucuzeke ngaleyo ndlela sifezekise umbono wethu othi “Prosperity through Mobility” okusho ukuphumelela ngezokuthutha.

**Imigwaqo engenelayo**

UMnyango uzibophezele ekuletheleni yonke imiphakathi yaKwaZulu-Natal imigwaqo ngesabelomali esingatheni. Emizamweni yokwenza lokhu,

kuzogxilwa kakhulu emabhulohweni okuwela abantu. Isidingo salokhu sikhulu, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, lapho umuntu eke wabona inkinga kothisha nezingane. Imfundo kulezi zingane iyayeka ukuba ilungelo lesintu iphenduke ilungelo legunya nje elitholwa ilabo abakwaziyo ukufinyelela esikoleni.

Ngithanda ukukuveza ukuthi baya ngokwanda abantu abacela uMnyango ubakhele amabhuloho okuwela ngezinyawo. Namhlanje isamba semali yamabhuloho asecelwe umphakathi inguR205, 750 million. Iningi lalezi zicelo zilethwa ngenxa yokukhathazeka komphakathi ngokuphepha kwabahamba ngezinyawo.

**I-Provincial Public Transport Bill**

Ngiyajabula ukwazisa le Ndlu ukuthi umthethosivivinywa wezokuThutha KwaZulu-Natal ususezithebeni zesiShayamthetho ukuze siphawule ngawo bese uphasiswa ube umthetho. Umthethosivivinywa njengamanje uphambi kweKomiti lezokuThutha. Ukuzwa imibono yomphakathi kuzokwenziwa maduze nje. Isicelo sethu njengoMnyango ngukuthi uhlelo lokwakhiwa komthetho kulo mthethosivivinywa lusheshiswe ngoba vele umthetho okahle lona kuyo yonke imikhakha yezokuthutha.

**I-Taxi Recapitalisation Programme**

Ngivumeleni ngazise le Ndlu ngosekwenziwe mayelana nokuhlelwa kabusha kwemboni yamatekisi. Lolu hlelo lusahamba ngakho. Imibandela yokwakhiwa kwezimoto isishicilelwe kusomqulu kahulumeni, uzokwamukelwa ekupheleni kuka-April 2005. Lokhu kuzobe sekunika izinkampani ezikhiqiza izimoto ithuba lokwakha izomoto ezizohlangabezana nale mibandela. Njengesifundazwe sizilungiselela ukuqalwa kwalolu hlelo, ngokwenza iTaxi Recapitalization Plan ezophothulwa ngoJune nonyaka.

**Ukuthuthwa kwezingane zesikole**

Somlomo, ngicela ukuchaza kule Ndlu ukuthi zisithola sesengamele izindaba zokuthuthwa kwezingane zesikole siphinde futhi sibhekane nodaba lwamaveni ahambisa izingane esikoleni. Kumele ikuqaphele le Ndlu ukuthi lokhu akuwona umsebenzi woMnyango. Emizamweni yokulungisa lesi simo kube nezingxoxo phakathi kwezikhulu zoMnyango wezokuThutha nowezeMfundo. Umphumela walezi zingxoxo kwaba ukubunjwa kwekomiti elihlanganise amalungu ale minyango. Leli komiti lizobheka izinto ezithinta le minyango. Siyethemba ukuthi lolu daba luzofika esiphethweni manje ngendlela ezohlomulisa abathintekayo.

**Ukuthuthukiswa kwezomnotho**

Ngenkathi uhulumeni ezibophezele ekuthuthukiseni osonkontileka abasafufusa, ngabe ukwenza okungadingeki uma sigcina abantu abafanayo emnyangweni isikhathi esingaphezulu kweminyaka emithathu. Izinkomba zithi ngalesi sikhathi amabhizinisi amaningi asuke esesimeme, esekwazi ukuqhudelana ezimakethe ezinkulu. Uhulumeni ungowokwakha isimo esivumela ukuba wonke umuntu athole amathuba, amakhono nesipiliyoni, hhayi ukwakha amamillion kumuntu oyedwa kusale abaningi ngaphandle.

Ngithanda ukuphawula kafushane ngokwenziwa uMnyango wami mayelana neBlack Economic Empowerment, ukudalwa kwemisebenzi, ukulinganisa ngokobulili nentuthuko edidiyele ezindaweni zasemakhaya. Ngizothanda futhi ukuba nilalele ngezinhlelo ezihlongozwayo ezisukunyiswe umbono nomyalezo kaMhlonishwa uNdunakulu enkulumweni yakhe yesifundazwe.

Angeke ngisalokhu ngigxila ebuhleni bezinhlelo ezaziwayo nezihlonishwayo uZibambele, uVukuzakhe, ARRUP, Asiphephe nezinye enizaziyo. Mangengeze Somolomo ngithi ukuqhutshwa ngempumelelo kwezinhlelo iRoad to Wealth and Job Creation Initiative – kakhulukazi uZibambele noVukuzakhe sekwenze imiphakathi yayidinga kakhulu imigwaqo. Ngempela uhlelo lwethu lwe-Afrcan Rennaissance Road Upgrading Programme (ARRUP) seluvule amehlo kabusha kubantu basemakhaya KwaZulu-Natal

ngokuthi umnotho namathuba emisebenzi kungadaleka ngokulethwa kwemigwaqo eyakhiwa isuka ebhuqwini kuya etiyeleni. Ngeshwa-ke, ukufakwa kwetiyela iliqinile kudla uR3 mllion ngekhilomitha nokwenza ukusabalalisa imigwaqo yetiyela kungabi lula okwamanje.
Nazi izinhlelo zentuthuko ezimbalwa zakamuva eMnyangweni wami.

- Ukubhekwa kwezinto ezingamalungelo sekuphothuliwe kumalungu kaZibambele ezifundeni saseThekwini naseMgungundlovu, ukuqinisekisa ukuthi bangazithola yini izimpesheni zikahulumeni. Lolu lwazi luzosetshenziswa ekutheni uMnyango wezeNhlalakahle uthole imininingwane yalaba kalula ngaphandle kokuchitha imali eningi. Ukubhekwa kwamalungelo kuzosabalaliswa neKwaZulu-Natal esikhathini esizayo.

- Bonke osonkontileka bakaZibambele sebezihlelile baba bamaqembu okonga imali. Indlela enobuhlakani engasetshenziswa nasezinhlelweni zeminye iminyango zokulwa nobuphofu.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuphinde waba ngungqaphambili esifundazweni ngohlelo lukaZibambele. Kuyajabulisa ukubika kule Ndlu ukuthi uMnyango wezokuThutha kuzwelonke usuthembise ukuthi uzoluthatha lolu hlelo uluqhubele phambili. UNgqongqoshe uJeff Radebe ngokubambisana noMqondisi Jikelele uNks Mpume Mpofu sebeyalele yonke iminyango yezokuthutha ezweni ukuba ilufake lolu hlelo lukaZibambele eminyangweni yabo.

- Sesihlonze umhlaba, ezolimo, amanzi nezinye izinto eziyintuthuko ezihambisana nokwakhiwa kwemigwaqo, njenge-ARRUP neRoad for Rual Development Programme. Ngaleyondlena, isibonelo, kwiNongoma Project ebandakanya ukulungiswa kwemigwaqo engoMain Road 235, 49 no52, le zinhlelo sezenziwe noma zisahlelwa ngaphansi we-ARRUP neRRDP:

- Idolobhana elincane laKwaHlabisa selithole ukuphepha ngokwakhelwa izindawo zokuhamba eceleni komgwaqo, izindawo zakhonkwa kwakhelwa nabezentilasipoti yomphakathi ingqalasizinda.

Ukusungulwa komzila wokuhambisa intuthuko (Develpment Corridors) kube impumelelo ngokubambisana kukahulumeni wesifundazwe nowasekhaya nomphakthi wonkana. Le mizila ye-ARRUP igcina ngokwenza iminyango ehlukene kahulumeni ibambisane ekuhleleni ukulethwa kwezidingo kubantu. Ukuthuthukiswa kwale mizila kugqugquzela indlela yokulwa nobuphofu ngokuhlanganyela.

**Uhlelo lwe-Expanded Public Works Programme**

Somlomo

Ikhabhinethi laKwaZulu-Natal liholwa nguNdunankulu libeke umsebenzi we-Expanded Public Works Programme phezu kwamahlombe oMnyango wami. Ngizothanda ukubonga le Ndlu ngokungethemba ngifise nokuthi sengathi ngingayithatha kahle le nselelo, noMnyango uzolunika indawo elufanele lolu hlelo.

Sekutholakele ukuthi izinga lokuswela imisebenzi eNingizimu Afrika isimo esidalwa ukuhlelwa kwezinto. Ngaleyo ndlela akusona isimo esidalwa isikathi soguquko, asizokuba nagalelo kulokhu ngaphandle uma sakha imigomo nezinhlelo ezizohlale zakha umnotho. Kumele sizihlelele eyethu i-Expanded Public Works Programme ngendlela yokuthi sivule amathuba okwenza inzuzo ezingeni losomabhizini abancane nabakhulu. Lokhu kumele kwakhe isimo lapho imisebenzi iba ngaphezulu kwabayidingayo.

Umbiko wakamuva kasomnotho owaziwayo eNingizimu Afrika uveze ukuthi ukube iNingizimu Afrika ibingakwazi ukwehlisa ukuntuleka kwemisebenzi ngengxenye ngo-2014, imisebenzi engu-3,7 million ingabe seyidalekile.

Ngicabanga ukuthi singavuma ukuthi ngempela lokhu kubala kumsulwa. Kuyinselelo kakhulukazi kosopolitiki nosomabhizini baKwaZulu-Natal kakhulukazi njengoba iKwaZulu-Natal iyisifundazwe esinabantu abaningi eNingizimu Afrika.

Ngokucacile ukuqhutshwa kwe-EPWP kumele kuphumelele ekwakhiweni kwemisebenzi, kuhehe amaSMME kwakheke namathuba okuziqasha. Isabelomali saKwaZulu-Natal njengoba sethulwe nguMhlonisha uDkt Zweli Mkhize, kumele sisetshenziswe ngokunakekela nangendlela ezokwakha umnotho wethu.

Ekuqhubeni i-EPWP sizophakamisa ukuthi izakhiwo zomphakathi njengezibhedlela, imitholampilo, izikole, imitapo yolwazi, am-multi purpose centre, umhlaba wokulima, iziteshi zamaphoyisa nezindlu zemixhaso nokunye zakhiwe ngokulandela uhlelo lokwakhiwa kwemigwaqo ukuze kufinyeleleke kalula kuzona. Lokhu kuzovula amathuba kubantu basemakhaya okuba bathuthe noma bakhe izitini amafasitela, izicabha, uphahla, amapayipi amanzi nokunye.

## Izimbizo

Somlomo, kuyangijabulisa ukuthi ngazise le Ndlu ukuthi ngokulandela uMthethosisekelo ogqugquzela ukubamba iqhaza kwabantu, sizoqhubeka nezimbizo. Inhloso yezimbizo ukuvumela umphakathi ukuba uxoxisane nohulumeni nokuletha uhulumeni kubantu. Uhulumeni ubonakala njengomuntu ngezimbizo njengoba abantu bethola ukuthi abantu ababakhethile bayabanakekela bakhulume nabo, balalele, baphendulane nabo.

Izimbizo ziyingxenye yokuthi kulethwe izimpendulo. Impumelelo yokulethwa kwezidingo izwakalwa ngazo izimbizo. Ukuzwa imibono yomphakathi kusiza uhulumeni ngokuthi azi izidingo ezihamba phambili enze nezinqumo njengokusho kwabantu ukuthi imali kumele ifakwe kuphi kanjani.

**Ukuhlanganiswa kweMinyango**

Kuyintokozo kimina Somlomo, ukuba ngimemezele ukuthi ukuhlanganiswa koMnyango wezokuThutha nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngaphansi kobuholi obubodwa sekulikhuphulile izinga lokusebenza hhayi nje amacala omgwaqo kodwa nawobugebengu.

Ukuqapha emachwebeni sekuzokwenziwa iSouth Afrcan Police Service. Lokhu kulekelelwa umsebenzi ohlongozwayo wesikhungo sokuhlola izimoto emachwebeni. Ngokobufakazi, le ndlela yokutshala amaphoyisa emachwebeni akungabazeki ukuthi izobuqeda ubugebengu obuxhumene nemisebenzi yasemachwebeni.

Ukuhlangana kweminyango emibili sekulethe impumelelo ekuphoyiseni nasekulawuleni izimoto. Imikhankaso eyenziwa ndawonye (RTI neSAPS) isithele izithelo. Lokhu kuholele esiqubulweni esithi “Sinqanda ubugebengu busesemgwaqeni”. Ngingasho ngokunganazi ukuthi ilokhu kuhlangana osekubeke iKZN njengesifundazwe esiphoyiswa kangcono eNingizimu Afrika, ngo-2004 sathola uB ezinye zithola uC.

Ngivumele Somlomo ukuba ngethule nasi iSabelomali Vote 12 (R2, 198 billion) ngohlelo ngohlelo

**Uhlelo 1: Imisebenzi yasehhovisi (R95 691 million)**

Umgomo walolu hlelo ngulekelela ukuthi kwenziwe kahle imisebenzi yoMnyango neHhovisi likaNgqongqoshe nokuhlelela umphakathi uthole ukusizakala lapho kungekho nkohlakalo nakukhwabanisa.

Izinselelo ezinkulu lapha ukuthi:

- Ukwenza ngcono umnyango wabasebenzi nokuthuthukisa amakhono ngendlela ehambisana nezidingo ezikhona endimeni yezokuthutha, ukwakha, ubunjiniyela, ukulawulwa kwezimoto nokuphepha komphakathi emgwaqeni.

- Kusheshiswe ukuqashwa nokukhuphulela ezikhundleni abesifazane, kakhulukazi abamnyama, babe sezikhundleni zokuphatha.

- Ukuveza amathuba okuqhuba imfundo, ngaphakathi eMnyangweni nakwababambisene nawo, okuyizifundo ezihambisana nemigomo nezinhloso zeGrowth and Development Summit.

- Ukuxhumanisa izinhlelo zoMnyango zokunakekela abasebenzi abaneHIV/AIDS nalezo zoMnyango wezeMpilo.

- Ukuphothula uhlelo lokudluliswa kwemininingwane ekwiNaTIS (esephepheni) iya kwiNaTIS (kwikhompyutha). INaTIS iNational Road Traffic Information System engamele ukubhaliswa kwezimoto nabashayeli.

- Ukungamela ukukhishwa kwezimoto zikahulumeni, ngokuqinisekisa ukuthi bahambisana nezinhlelo zoMnyango zeBEE nokuqeda ukusetshenziswa kwezimoto zikahulumeni emisebenzini yangasese.

- IKwaZulu-Natal $T^2$ izobamba ingqungquthela yeAfrica T2 ka-2005.

Nakuba sekube nenqubekela phambili kokuningi ekuhlangabezaneni nezinselelo, kusafanele kufakwe umfutho ekuthuthukisweni kwabasebenzi namakhono.

**Uhlelo 2 : Ingqalasizinda yomgwaqo (R1, 656 billion)**

Umsebenzi esinikwe wona ngowokuthi sakhe futhi sigcine imigwaqo isesimweni esihlangabezana nezidingo zokuhamba kubo bonke abantu baKwaZulu-Natal, nokulekelela imigomo yethu kazwelonke neyesifundazwe yentuthuko nokukhula kwezomnoto.

Ngokusemqoka lokhu kusho ukuthi:

- Kumele sihlelele izindlela zokuhamba kwabantu nezimpahla ngezinto ezingambi eqolo emigwaqeni yesifundazwe nexhumana nemizila kazwelonke.

- Kumele sigxile ngqo ekuthuthukisweni kwemigwaqo ezoheha intuthuko kwezomnotho iphinde yenze isifundazwe sithuthuke ngokuba nengqalasizinda yezokuthutha nokunye okuhambisana nezokuthutha.

- Kumele sibe negalelo ezinhlelweni zikazwelonke nezesifundazwe zokwakha amathuba emisebenzi, sigqugquzele iBEE nokulwa nobuphofu.

- Kumele sifake umfutho ekwakhiweni kwemigwaqo engenela ezakhiweni emiphakathini yasemakhaya.

Somlomo, uMnyango wami maduze nje uzokwenza izimemezelo ngemisebenzi emikhulukazi njengoJohn Ross Highway. Amalungu ahloniphekile cishe ayazi ukuthi lo mgwaqo usungowesifundzwe, ngakho kumele siqinisekise ukuthi kunokuphepha kwabawusebenzisayo.

Ngivumele manje ngikhulume ngokwabiwa kwemali yengqalasizinda. Le mali ingu-75,3% wesabelo soMnyango. Isabelomali sizama ukulinganisa phakathi kwesidingo sokugcinwa kwemigwaqo ekhona isesimweni nesidingo sokwakha imizila emisha emikhulu nesidingo sokwakhela imiphakathi imigwaqo

engenela ezakhiweni. Imali eyabelwe ukugcina imigwaqo inguR677,714 million kanti eyokwakha nguR823, 598 million. Imali yokwakha ibandakanya uR187 million wohlelo lweKhabhinethi okungukulungiswa kukaP700 noP577.

Njengoba kuphawulekile, phezu kokwenyuka kwemali esikhathini esibekiwe iMTEF, imali eyabelwe imigwaqo ayanele ukuhlangabezana nezidingo zabo bonke abantu. Lokhu kwakhonjiswa kahle ngokhetho luka-2004 ngenkathi kudingeka kulungiswe amakhilomitha angu-444 emigwaqo engenela ezakhiweni ukuze kufinyeleleke eziteshini zokuvota.

Izinselelo ezimqoka ezibhekene neRoad Infrustructure nonyaka ilezi:

- Ukuhlanganisa izinhlelo zokwakhiwa kwemigwaqo nezokuthutha kuzo zonke izigaba zikahulumeni neminye imikhakha yentilasipoti.

- Ukulungiswa kwemigwaqo namabhuloho okubhidlizwe izikhukhula ngemali enguR256, 674 million okungase kudingeke ithathwe kweyokugcinwa kwemigwaqo ngaphandle uma kuba nesabelo esengeziwe.

- Ukuhlangana kwezinhlaka zikahulumeni, nge-Expanded Public Works Programme, ukuphumelelisa iphupho nombono wokwakha imizila yezokuthutha.

- Ukuphothulwa kohlelo lokubambisana iPublic/Private Partnership (PPP) ukuze kutholakale imishini iphatheke kahle ngaphansi kukaVukuzakhe noMnyango.

- Ukwenza imboni yezokwakha ibe ngesebenza ngentando yeningi

- Ukwandisa ngo-40% izinga lemisebenzi ye-EPWP esikhundleni sika-30% wamanje.

- Ukusabalalisa umsebenzi kaZibambele ukuze kufinyelelwe ku-40 000 wabasebenzi ngo-2009.

- Ukugqugquzela amaqembu okonga kaZibambele njengophawu lwesifundazwe lokuletha izinguquko nokusungulwa kwemifelandawonye ezindaweni zasemakhaya.

- Ukwenza kufunyeleleke ezikhungweni zomphakathi njengemitholampilo, izikole, iziteshi zamaphoyisa, izindawo zomlando nezindawo zokulima.

- Ukuphothula izinhlelo ezingu-14 ezisebenzisa abantu zokwakha imigwaqo

**Uhlelo 3: Public Transport (R34, 103 million) kuhlanganisa ne-Agency Agreement National Transport Subsidy R475 million**

Umsebenzi esinikwe wona ukwenza intilasipoti yomphakathi ibe ngelawulekayo nesemthethweni, iphephe, itholakale ngokwenele, ingambi eqolo kubagibeli. ENingizimu Afrika manje bangaphezulu kuka-60% abagibeli abasebenzisa amatekisi, aya ngokuya eba madala futhi angaxhasiwe. Ukugibela kwabantu isitimela esixhasiwe nebhasi elihamba emzileni oxhasiwe kuhambisana nokuthi kubhekwa isidingo semboni kunesabagibeli, ikakhulukazi abagibeli abahluphekayo.

**Ukuthuthukiswa kweNtilasipoti yoMphakathi**

Omasipala abathathu esifundazweni sebeluphothulile uhlelo lwabo lwePublic Transport ngokubambisana noMnyango. Abanye omasipala bazophothula

olwabo ngasekupheleni kukaDecember 2005. Lokhu kuzosibeka phambili eNingizimu Afrika singuMnyango wezokuThutha.

Izinhlelo ezinjengalezi zisisiza sikwazi ukuxhumanisa imizila yamabhasi namtekisi ngendlela efanele nokuqinisekisa ukuthi amalayisensi akhishwa iBhodi ahamba ngokwezidingo zabashayeli kunezabanikazi. Sizogxila ekuhleleni imigwaqo emikhulu ezindaweni ezithile. Le migwaqo elandelayo ihlonzwe njengezolungiswa esifundazweni.

- **Edendale Corridor ( Pietermaritzburg** )

Ukuhlelwa kwalo mzila sekuqaliwe kanti kuzophothulwa ngasekupheleni kukaDecember 2005. Lo mzila ubaluleke kakhulu ukulekelela idolobha njengenhlokodolobha yesifundazwe. Kubalulekile ukubakhona kwentilasipoti eyanele nekhonekayo lapha ukuze lisebenze kahle idolobha.

- **Taxi Recapitalisation**

Zintathu izindawo zokuvivinya ezihlonziwe esifundazweni ukuqhuba uhlelo olusha lwamatekisi. Lezi ndawo Inanda Ntuzuma KwaMashu (INK), iLadysmith naKwaNongoma. Uhlelo oluphelele lusazokwakhiwa oluzosiza ukufezekisa iTaxi Recatalization. Lokhu kuzophothulwa futhi ngoDecember 2005**.**

- **Izinhlelo zika2010**

Sezihlonziwe izindawo ezizobheka amathuba ahambisana ne-2010 Soccer World Cup. Lezi ndawo ilezi:

- Pietermaritzburg – Durban
- Ladysmith – Durban
- Empangeni – Durban
- Port Shepstone – Durban

Ukuhlelwa kwale mizila kuzophothulwa ngokuphela kukaDecember 2005.

**Ukheto ematekisini**

Sizokwenza ukhetho embonini yamatekisi emazingeni onke. NgoMay noJune 2005 sizokuba nokhetho lososeshini abangu-253. Lokhu kuzolandelwa ukhetho lwamaRegional Taxi Council ngoJuly 2005. Ukulandela lapho kuzokuba nokhetho lweKwaZulu-Natal Taxi Council ngo-August. Ngalesi khathi imithethosisekelo emisha yezinhlangano zamatekisi iyobe seyemukeliwe**.**

**Ukuvuselelwa kukaloliwe**

Imizila kaloliwe yesifundazwe ilokhu iyizinto ezingasasetshenziswa kakhulu. Abanye olayini sebavalwa ukusebenza. Lokhu sekube nomthethelela omubi emigwaqeni njengoba izimoto ezinkulu zanda kakhulu emgwaqeni kanti lokhu kuholela ekulimaleni komgwaqo. Lokhu kwenza kube nesidingo sokuvuselela imizila yezitimela. Umzila waseNkwalini ukhethwe ukuba loluhlelo luhlolwe khona. UMnyango wezokuThutha kuzwelonke ufake uR10 million wokulungisa ingqalasizinda.

Uma sekuphele iNkwalini uMnyango uzodlulela emzileni phakathi kwePort Shepstone neHarding; uMgungundlovu neKranskop neMgungundlovu neKokstad/Matatiele.

**Uhlelo 4: Ezokuphepha emgwaqeni nokulawulwa kwezimoto (R361, 512 million)**

Umsebenzi wethu lapha ngukwakha izimo esiphephile emgwaqeni ngokwehlisa izingozi minyaka yonke. Imisebenzi enikezwa ilolu hlelo ibandakanya:

- Ukugcinwa komthetho
- Ukubandakanya umphakathi
- Ukufundisa ngezokuphepha emgwaqeni
- Ukulungiswa kwezindawo eziba nezingozi

Somlomo

Ngomhlaka 13 December 2004 uMnyango wezokuThutha wasungula isiqubulo esithi “From Zero Tolerance to 100% Compliance” okusho ukuthobela yonke imithetho ngokuphelele. Lokhu kuyisengezo sesiqubulo esithi “Zero Tolerance KwaZulu-Natal”. Inhloso yalesi qubulo esisha ngukuqinisekisa ukuthi uma ungathobeli imithetho yomgwaqo, amaphoyisa ethu azobhekana nawe ngendlela efanele. Le siqubulo sithi njengohulumeni sinamandla okuphoqa ukugcinwa komthetho.

Lesi qubulo sikahle ngoba ngaphezulu kweminyaka eyishumi silokhu sinombono wokuthi ezikhathini eziningi izingozi zenziwa iphutha lomuntu elisuke lingagwemeka. Ngalokho-ke kufanele uhulumeni aqinisekise ukuthi abasebenzisi bomgwaqo bahambisana nomthetho. Imigwaqo yethu ayikwazi ukwenziwa izinkundla zokudlala abantu abangayigcini imithetho.

Izibalo zikhomba ukuthi abahamba ngezinyawo bayisibalo esikhulu sabantu abafa emigwaqeni. Phezu kwalokhu abantu banamathuba aphindwe ka-8 okubulawa imoto ehamba ngo-50 K/h kunokuba ihamba ngo-30 k/h. Kungalezi zathu sizoqinisa imikhankaso yokuqwashisa abahamba ngezinyawo emgwaqeni. Kuzogxilwa kakhulu ekufundiseni ngokuphepha emgwaqeni ezikoleni isifundazwe sonke. Le mikhankaso izodlulela nakweminye imiphakathi.

Ukucabanga okusha kwezokuphepha emgwaqeni kukhomba ukuthi uhulumeni kumele uhlabele phambili ngaphezulu kokwenza imithetho nokuphoqelela ukugcinwa kwayo, ubheke indlela yokubandakanya abantu ezosiza ukugwema izingozi ngokuhlanganyela. Kuyacaca ukuthi ukulawulwa kwezimoto nezokuphepha emgwaqeni eNingizimu Afrka kumele kuthathe indlela ebandakanya abantu ukuze kubhekwane nezinselelo zokuletha uguquko emnothweni.

**Uhlelo 5: Community Based Programmes (R50, 414 million)**

Imali yezinhlelo zomphakathi ifakwe ngenhloso yokwakha izinhlelo eziqondene nababutha emiphakathi ngokusungulwa kwezinhlelo zokuvivinya, okuzokuthi, uma ziphumelela zithole ukwabelwa imali ukuze sisabalale. Kuyinto eyaziwayo ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal unomlando wokuqhamuka nezinhlelo eziyingqayizivele.

Imikhakha okuyiyona okulindeleke ukuba ilekelelwe kulemali ibandakanya izinhlelo zokulwa nobuphofu, ukuthuthukisa abesifazane, intsha nezifundo zokuqeqesha. Nonyaka siyihlukanise izigaba ezimbili imali yalezi nhlelo zemiphakathi. NguR32, 311 mllion owabelwe lezi ezisavivinywa bese kuthi uR18,103 wabelwe iBlack Economi Empowerment, nokuqeqesha.

**Isiphetho**

Okuyiwona mgomo woMnyango wami ngukugqugquzela ukuthi abantu nezimpahla bahambe ngokuphepha, ngezinto ezitholakala ngokwenele, nezingambi eqolo esifundazweni sethu nokuqinisekisa ukuthi intilasipoti yethu ihlangabezana nezidingo zezigaba sokuqala nesesibili kwezomnotho.

Kulokhu, sidinga ukukwamukela ukuthi ukuze iningi lezakhamuzi zethu lisizakale, izinto zokuhamba zisiyisidingongqangi ngokunjalo nesabelomali. Amabhuloho abahamba ngezinyawo, imigwaqo engenela ezakhiweni zomphakthi nemigwaqo ezindaweni zasemakhaya izinto eziphambili

ezizolungisa ngokushesha isigaba sesibili sezomnotho KwaZulu-Natal kusabalale nasezweni lonke.

Nokho kuyafakazeleka Somlomo ukuthi, njengoba ngivezile phambilini, uMnyango awunazo izimali ezanele uma ubheka izidingo zomgwaqo nezokuthutha emphakathini waKwaZulu-Natal.

Sengivala ngithanda ukubonga iNhloko yoMnyango uDkt Kwazi Mbanjwa nethimba lakhe elizinikele nabasebenzi bonke boMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngokusebenza kwabo kanzima nangokuzibophezela. Ngithanda ukubonga amaKomiti e lezokuThutha nele zeziMali ngomnikelo abawenzile kule sabelomali noMnyango wami.

Kuyigunya lami ukuthi manje ngibeke ngokusemthethweni iSabelomali soMnyango wezokuThutha sika-Two Billion One Hundred and Ninety Seven Million Five Hundred and Thirty Two Thousand Rands (R2, 197 532 000) ngonyaka wezimali ka-2005/2006 ukuze samukelwe.

Ngiyabonga